



community safety &
liaison

Department:
Community Safety and Liaison
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Budget Speech 2011 - 2012

KwaZulu-Natal Legislature - March 2011

'People's action against crime'



Budget Speech 2011/2012
Presented to the
KZN Legislature
on 29 March 2011



By the MEC for Transport,
Community Safety & Liaison
Mr T.W. Mchunu



Budget Speech

2011/12

KwaZulu-Natal

Department of Community Safety
& Liaison

“Building a United Front Against Crime”

Vote 9: Budget Speech 2011/ 2012

Presented to the KZN Legislature
by The Honourable
MEC for Transport,
Community Safety and Liaison,

Mr T.W. Mchunu



Madam Speaker;
The Premier of KwaZulu-Natal, Honourable Dr. Zweli Mkhize;
Members of the Provincial Executive Council;
Honourable Members of the Provincial Legislature;
Amakhosi AseNdlunkulu present;
Mayors and Councillors of Municipalities;
Excellencies, members of the diplomatic corps;
Director-General and Heads of the various Departments;
The South African Police Service;
Senior officials of government departments;
Membership of the Justice Crime Prevention and Security Cluster;
The leadership of the Community Policing Structures;
Representatives from Al Baraka Bank
Distinguished guests, ladies and gentlemen;
All stakeholders;
Members of the media;
Citizens of KwaZulu-Natal





This afternoon I have the honour to present the budget speech for the Department of Community Safety and Liaison, Budget Vote 9 under the theme '**People's Action Against Crime**'. This theme resonates well with our Flagship Programme of Building a United Front Against Crime (BUFAC) and it will be a driving force for our functioning in the Department as a golden thread through all our programmes. We want to make a clarion call for communities, all social formations, youth, families and individuals to actively take a bold stand against crime in their homes, streets, neighbourhoods, communities and the entire Province of KwaZulu-Natal. Through this call, we want to encourage the mobilization of the people to fight against crime, and to build community based structures that will actively play a meaningful role in the fight against crime. As we pursue our relentless fight against crime, we want the people to form neighbourhood watch groups, community-based patrols, street committees, Community Policing Fora, Community Safety Fora, and to be Volunteers promoting community safety.

In his State of the Nation address, His Excellency, President Jacob Gedleyihlekisa Zuma makes it clear that the fight against crime remains one of the country's priorities, when he said, and I quote, "We will continue to prioritise crimes against women and children... We will work with communities and other key stakeholders to deal with drug peddling and drug abuse which are tearing some communities apart." We welcome this call Mr President particularly as it speaks to the proactive crime prevention and crime fighting role of this Department working together with the communities and the police.

Building a United Front Against Crime

As we chart our way forward, I wish to thank our Premier, Dr Zweli Mkhize, the Executive Council and the Justice, Crime Prevention and Security Cluster members for supporting our department in successfully launching and



rolling out the programme of building a united front against crime. This is an integrated anti-crime strategy which seeks to rally communities behind the crime fighting cause, using Operation Hlasela as a vehicle to roll it out, throughout the Province of KwaZulu-Natal.

Honourable Members, it is through this strategy that the Department is engaging in a holistic, integrated, people driven and people centred approach in the fight against crime. Operation Hlasela has been successfully launched and implemented in more than six priority areas of KwaZulu-Natal. In the forthcoming financial year, its implementation will be accelerated. Through Operation Hlasela, our strategy is to create 'pockets of excellence' where communities, civil society formations and government work closely together to eliminate crime and create safe streets, safe communities, and safe villages and towns.

We are already seeing positive results of our programme. Operation Hlasela is impacting positively on the fight against crime in that through community mass mobilisation; greater confidence is being built between the police and the community, resulting in communities being more willing to give critical crime-related information to the police, which is needed in order to arrest criminals.

Enhancing Service Delivery by the Police

Honourable Members are aware that one of the core functions of this Department is to play an oversight role over the Police. The manner in which we do this, is not adversarial, but rather anchored on good working relationships with the Police. As part of this oversight role in the forthcoming financial year, we will look at the issue of community access to police stations. We will continue to make recommendations for the rationalisation of police stations so that all communities enjoy equitable access to justice.





Whilst we still have many policing challenges to confront on behalf of the citizens of this Province, we remain positive. We regularly thank those exceptional officers who continue to 'serve and protect' with pride and dedication. To that end, the Department hosts an annual Mec's Community Awards for Police Excellence. The motivation to our police service provided by these awards cannot be quantified. At this stage Honourable Members, allow me to acknowledge the ongoing support of the business sector towards these awards, in the main, Al Baraka Bank who have remained a loyal partner and sponsor of this important event. They are true Builders of a United Front Against Crime. We challenge other Private sector members to match them in this noble cause.

We often hear reports about how badly police conduct themselves and lesser reports on their good work. Allow me to send accolades to the police in KwaZulu-Natal under the stewardship of Lieutenant General Ngobeni for a number of successes achieved.

They have achieved a remarkable feat in stabilizing communities and dealing with unrest and violence in the Taxi Industry. The rampant violence once characteristic of this Province, is no longer evident. The sporadic killings are now few. Conflict in communities has been reduced substantially. The Police are sending a clear message to the criminals – that they have declared war on the people and that the unity of the Police and the people will defeat them in our Province!

The Department of Community Safety and Liaison working together with the police, also plays a leading role in the promotion of peace, democracy and social cohesion through the Communities in Dialogue Programme, as evidenced in a number of areas. Communities in Dialogue will extend to the Presidential Pardons programme, since it is our considered view that when offenders return to their communities, the affected people and the neighbourhood as a whole is consulted and appraised of this development.



The joint collaboration of the Department of Transport and the South African Police Services working under the auspices of the Justice Crime Prevention and Security Cluster task team, called the Taxi Violence Task Team, has contributed positively to the stability in the taxi industry. This task team comprises of senior officials from the Department of Transport, Community Safety and Liaison, the National Intelligence Agency, the South African Police Force, the Directorate of Public Prosecutions and Correctional Services. Our strategy of pursuing co-operation and peaceful engagement has resulted in the normalisation of taxi operations in a number of warring association members. There have also been a number of successful arrests. We still face problems of successful convictions after these arrests. This can be attributed to people being intimidated against being witnesses as well as other witnesses being killed. We will continue to innovatively seek ways and means to sustain peace in the taxi industry.

During the past financial year, our Province witnessed a number of massacres and political assassinations in our communities, but we have also witnessed police successes in dealing with these. In some instances families have been altogether wiped out and councillors killed. We commend the good work of the police in successfully apprehending the perpetrators of these crimes.

The Justice Crime Prevention and Security Cluster (JCPS)

Madame Speaker, KwaZulu-Natal must be commended for reversing its history of unbridled violence and mayhem. The Justice, Crime Prevention and Security Cluster (JCPS), which is made up of the Criminal Justice Departments and our social sector partners, is a very effective governance mechanism for delivering integrated services to our people whilst providing an open platform for dialogue with departments from various levels of government in an effort to close the blockages in the Criminal Justice System and civil society. The





JCPS Cluster in KwaZulu-Natal has reached an unprecedented level of co-operation. This was witnessed both during the mega event of the 2010 FIFA World Cup and the Public Service Strike.

Community Policing and Peace-Building in Communities

Madame Speaker, it is this department's Constitutional obligation to ensure that communities and the police have excellent relations and they work together to defeat criminals. Chapter 11, section 206 of the Constitution is very clear on this provision.

Our CPF's and other community structures should play a leading role in the promotion of peace, democracy and social cohesion. As we embark on peace-building missions, we have come to realise that our Community Policing Fora are not as effective as they should and can be. Although over the years, these structures have been the beneficiaries of much training and support from our department, they continue to have a high turnover in membership. They are also prone to manipulation by interest groups with no strong motivation for community safety. They still continue to be very disorganised in their methods of operation and administration. This, Honourable Members we are addressing as we embark on a drive to reconstitute CPF's and training them to perform their functions optimally through our Thathulwazi programme.

As we approach 2011/2012 financial year, we will continue with our programme of rebuilding these Community Policing Structures where they have been defunct. Where they are weak, we will take steps to rebuild and strengthen them. Moving forward we will form partnerships with the existing neighbourhood watches, community and street patrols that have voluntarily set themselves up as crime fighters. As government, we have not harnessed this resource for the benefits of our crime fighting endeavour. Beginning this

year, we will work with them, sharpen their efforts, and use our authority to assist them master their financial resource sourcing.

To that end, this Department will host a summit on community safety structures as a way of analyzing what community patrols or community policing formations exist, how effective or ineffective they are, and work towards coordinating them for maximum integration and impact in ridding our streets, our neighbourhoods, our communities at large of crime. This should also prepare the way for us to give an authoritative input into the development of national policy guidelines for Community Safety Forums (CSF's) and Community Police Forums (CPF's), as part of the national policy review process for the safety and security sector.

Positioning our Organisational Structure for Effective Crime Fighting

The Department has embarked on a departmental review of the structure of our organisation in terms of our Human Resources. We want to enhance our ability to meet the crime fighting needs of our communities. Some of the ideas that have emerged, are those of positioning ourselves in districts so as to be able to deliver in crime fighting, working together with District and Local Municipalities. Within that paradigm, we will render to communities the following services:

- Building crime fighting structures,
- Receiving and attending to complaints,
- Evaluating and monitoring the functioning of the police stations and the police,
- Attending to communities in conflict through our Communities in Dialogue Programme and,
- Rendering Social Crime Prevention Programmes through *Operation Khuz'umhlola*.

Youth Against Crime

Honourable members, it is a well known fact that drugs have penetrated our schools, and our communities and are killing our youth. Experience has shown that poverty and unemployment provide fertile ground for social ills like drug addiction, alcoholism and criminality to find expression. By and large greed drives the wealthy drug lords to capitalise on this condition by luring our youth to be agents of this social ill. Ironically, often the drug lords escape the criminal justice system by remaining unidentifiable whilst the youth bears the brunt of this crime. It is on this basis that, we believe an integrated approach in the fight against crime must be intertwined with the President's call to fight against joblessness. This in turn will enable society to tackle poverty, starvation and substance abuse, especially amongst our youth, whilst hitting hard on the source of drug peddlers. Our Department will in the forthcoming year work with youth formations to create a crime fighting programme targeting our youth and driven by them.

2011 Local Government Election

The Department will continue to plan for successful local government elections in the Province. In an effort of promoting peace, democracy and social cohesion the Provincial Government, led by the Premier, staged an important summit that featured political leaders from all political parties in the Province, the Independent Electoral Commission (IEC), the Police, as well as the traditional and the religious leaders. The summit participants resolved amongst other things, to reaffirm their commitment to the provisions of the Electoral Code of Conduct; to promote political tolerance, unity, peace, freedom of choice, expression, association, before, during and after elections; to form the multi-party task team aimed at promoting political tolerance and peaceful elections led by the MEC for Transport, Community Safety and Liaison, working with the Mec for Co-operative Governance and Traditional Affairs as well as the



respective heads of these Departments – the IEC, religious leadership, the House of Traditional Leaders, the State Security Agency, the KZN Police Commissioner, and a maximum of two members per political party.

The Multi-Party task team has already commenced its work. The proposed approach to intervention is three pronged, namely, Peace Making, Promotion of Peace, as well as educating people on democracy and good behaviour. The identified areas for this intervention are Estcourt/Mbabazane precinct, Ulundi/Nongoma precinct, Greytown/Umsinga precinct, Mandeni/Maphumulo precinct and lastly hostels. In addition to these areas, any proactive measures with regards to any area, where imminent action is required will be attended to by this task team.

The Department of Community Safety and Liaison will provide election monitors in critical voting stations and critical areas. The Police have, as expected committed themselves to vigorous policing before, during and after elections. The Justice Department has also pledged to provide dedicated courts and election monitoring. The IEC have also undertaken to organise the strictest monitoring of the elections, as well as to take drastic action against those who will break the law or breach the code of conduct. These are all efforts aimed at ensuring that elections are free and fair. We remain convinced that KwaZulu-Natal will host successful Local Government Elections.

Conclusion

Honourable Members, crime can only be reduced through our coordinated and collective efforts. Many thanks go to the thousands of our police, community policing structures, individuals and all formations who have uniquely and selflessly supported our Province in promoting community safety and crime fighting. At this stage, I would like to single out Operation Juluka Tsotsi, the community patrol from Chesterville, for its work in the fight against crime. The community patrol group located in Empangeni is another success story in the Province. These are success stories from which, we will model the roll out of our co-operation with community based policing groups throughout





the Province. It is community structures like these, that give us hope that we can win the war against crime. As the Department of Community Safety and Liaison we will continue to work with and support all Community Policing Fora in the fight against crime.

We wish to thank the many District and Local Municipalities and their leadership for including Safety Plans into their IDPs and for involving us in their efforts to generate crime prevention programmes. We have received immense support and cooperation in our community outreach programmes and we look forward to your continued partnership in driving the United Front Against Crime.

We say to the people of our Province, the onus is on each and every one of us to stand up and play a genuine and sincere role in making our homes and streets safe. This task begins with the elected representatives. In this forthcoming year we will want to know if in the areas they live in, they are part of the formation of Community Policing Structures. If they are not it will mean, we have a problem on our hands in fighting crime. As new Councils come in, we will work with them to ensure that each Councillor is involved in the building of crime fighting community structures in their areas. Police, cannot win the war against crime on their own. The demand for the delivery of the Department's crime-prevention and crime fighting programmes throughout communities in the Province will continue to spur us on in the coming financial year and beyond, to work tirelessly and harder for our people.

As a nation, we have to remind ourselves that we have only recently - since achieving democracy - embarked on the important journey of realisation of what human security really entails: that it is focused on the safety of individuals and communities rather than on the security of the State as it had been in the past. We will therefore ensure that we work very closely with the people so that communities can have direct access to our services in the true spirit of an integrated, people driven and people centred approach.

As 2011 is the year of People's Action Against Crime, I challenge all of us to actively play a role in crime prevention and crime fighting strategies so that in the words of INkosi Albert Luthuli, "our today is better than our yesterday and our tomorrow better than our today". If we fail to play this role, we must never blame the police and others when we encounter crime.

Finally, Madame Speaker, it is my privilege to table the budget of the Department of Community Safety and Liaison for the 2011/2012 financial year amounting to R150 139 000 million for approval to be appropriated as follows:

Program 1:

Administration (R 41 080 000) Million

Program 2:

Civilian Oversight (R 20 276 000) Million

Program 3:

**Crime Prevention And Community Police Relations
(R 88 783 000) Million**

I thank you.



Inkuluma Yesabelomali Sika

2011/12





UMnyango
wezokuPhepha nokuXhumanisa
Umphakathi
KwaZulu-Natali

“Building a United Front Against Crime”

Isabelo-Mali Sika-2011/2012 U-Vote 9

Yethulwa Esishayamthetho Sakwazulu-Natal
Ngungqongqoshe Wezokuthutha, Ukuphepha
Nokuxhumanisa Umphakathi,

uMnuz T.W. Mchunu



Mama Somlomo;
UNdunankulu uMhlonishwa uDkt Zweli Mkhize;
Amalungu esiGungu esiKhulu sesiFundazwe
Amalungu ahloniphekile esiShayamthetho sesiFundazwe;
Amakhosi aseNdlunkulu akhona;
IziMeya namaKhansela omasipala;
Umqondisi-jikelele kanye neziNhloko zemiNyango ehlukeno;
Umbutho wamaphoyisa eSAPS;
Izikhulu zemiNyango kaHulumeni;
Amalungu e-Justice Crime Prevention and Security Cluster;
Ubuholi bezinhlaka zokuphepha emiphakathini;
Abamele i-Al Baraka Bank;
Izinhlaka zonke esisebenzisana nazo;
Izimenywa zonke ngokwehlukana kwazo;
Abezindaba;
Izakhamizi zonke zaKwaZulu-Natal.






Sihlalo ohloniphekile, ngale mini yanamhlanje ngethula inkulumo yami yesabelo-mali soMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi esingu-Vote 9 ngaphansi kwesiqubulo esithi **“People’s Action Against Crime”**, okusho umnyakazo wabantu ekulweni nobugebengu. Ngalesi qubulo sizama ukuqinisa uhlelo lwethu lokulwa nobugebengu i-Building a United Front Against Crime, futhi yisona lesi qubulo esizosebenza ngaso kuzo zonke izinhlelo zethu eMnyangweni. Sihlaba ikhwela kuyo yonke imiphakathi, zonke izinhlangano, intsha, imindeni nabantu ngamunye ukuba basukume balwe nobugebengu emakhaya ethu, emigwaqeni, emiphakathini nasesifundazweni sonke saKwaZulu-Natal.

Ngaleli khwela sifuna ukugququzela abantu ukuba balwe nobugebengu, bakhe nezinhlaka zemiphakathi ezizobamba iqhaza elibonakalayo ekulweni nobugebengu. Njengoba siqhubeka nempi yethu yokulwa nobugebengu, sifuna abantu bakhe izinhlelo zababheki bemizi, amakomiti emigwaqo, ama-Community Policing Forum, ama-Community Safety Forum, nokuba babe ngamaVolontiya agququzela ukuphepha emiphakathini.

Enkulumweni ayethule esizweni uMongameli wezwe uMnuz Jacob Gedleyihlekisa Zuma ukubeke kwacaca ukuthi impi yokulwa nobugebengu isalokhu iseqhulwini kuleli lizwe, wathi, uma ngimcaphuna: “Sisazoqhubeka sibeke eqhulwini ukulwa nobugebengu obubhekiswe ezinganeni nakubantu besifazane. Sizosebenzisana nemiphakathi nezinye izinhlelo ezibambe iqhaza ukuze sibhekane ngqo nokushushumbiswa kanye nokusetshenziswa kwezidakamizwa ezibonakala zibhubhisa imiphakathi yakithi.” Siyalemukela ikhwela elihlatshwe nguMongameli ikakhulukazi njengoba lithinta iqhaza lalo Mnyango ekulweni nobugebengu ngokubambisana nemiphakathi namaphoyisa.

Sakha umbimbi lokulwa nobugebengu

Njengoba sicaba indlela eya phambili, ngithanda ukubonga uNdunankulu uDkt Zweli Mkhize nesigungu sakhe kanye namalungu e-Justice, Crime Prevention



and Security Cluster ngokweseka uMnyango wethu ekwethuleni siphinde sisabalalise ngempumelelo uhlelo lokwakha umbimbi lokulwa nobugebengu esithi i-Building a United Front Against Crime. Lolu wuhlelo oludidiyele nolubanzi lokulwa nobugebengu olunxenxa imiphakathi ukuba ibambe iqhaza, lusebenzisa umkhankaso ka-Operation Hlasela njengenqola yokulusabalalisa esifundazweni sonke.

Malungu ahloniphekile, ngalolu hlelo uMnyango usebenzisa indlela edidiyele lapho abantu kuyibona abaqhamuka nezindlela zokulwa nobugebengu. Umkhankaso ka-Operation Hlasela ususabalaliswe ngempumelelo ezindaweni ezingaphezulu kweziyisithupha KwaZulu-Natal. Kulo nyaka wezimali esingena kuwona uzosabalaliswa ngomfutho omkhulu. Ngalo mkhankaso kaHlasela, isu lethu kumele liveze imiphumela emihle lapho izinhlela zemiphakathi ezahlukene noHulumeni besebenza ngokuhlanganyela ukuqeda ubugebengu nokwenza kube nokuphepha ezitaladini, emphakathini nasezigodini nasemadolobheni esihlala kuwona.

Sesiqalile ukubona imiphumela emihle yalolu mbimbi lokulwa nobugebengu. Umkhankaso ka-Operation Hlasela usube nomthelela omuhle ohlelweni lokulwa nobugebengu njengoba ukuhlanganiswa kwemiphakathi, sekwakhe ukuthembana phakathi kwamaphoyisa nomphakathi. Imiphakathi isibonakala iphumela obala inikeza amaphoyisa ulwazi olubalulekile ngobugebengu oludingekayo ukuze kuboshwe kwezigilamkhuba.

Ukuphuculwa kwezimo zokusebenza emaphoyiseni

Amalungu ahloniphekile azoqaphela phela ukuthi omunye wemisebenzi esemqoka yalo Mnyango ngokubheka ukusebenza kwamaphoyisa. Indlela esenza ngayo lokhu akumele ibe ngeyokuphikisana kodwa kumele kube ngeqinisa ukusebenzisana okuhle namaphoyisa. Njengengxenywe yomsebenzi wokuqapha ukusebenza kwamaphoyisa kulo nyaka wezimali, sizobheka izinto





ezithinta ukufinyelela kwabantu eziteshini zamaphoyisa. Siziqhubeka nokwenza izincomo ngokubekwa kweziteshi lapho imiphakathi izothola ukusizakala ngokulinganayo kwezobulungiswa.

Nakuba sisenezinselelo eziningi ngesiphoyisa okumele sibhekane nazo egameni lezakhamizi zalesi fundazwe, kumele sihlale sinethemba. Sihlale sibonga lawo maphoyisa aqhubekayo nokusiza avikele umphakathi. Kulokhu, minyaka yonke uMnyango ukhipha imiklomelo eyaziwa ngama-MEC's Community Awards for Police Excellence. Akungabazeki ukukhuthazeka okuba semaphoyiseni ethu ngenxa yale miklomelo. Njengamanje malungu ahloniphekile, ngivumeleni ngibonge ngokwesekwa esikuthola kosomabhezini bakithi kule miklomelo, ikakhulukazi, i-Al Baraka Bank ehlale iba ngabaxhasi balo mcimbi. Sibathatha njengxenye ethembekile yombimbi lokulwa nobugebengu. Siphonsela inselelo nabanye osomabhezini ukuba bathathe isibonelo lapha.

Kuvamile ukuthi sithole imibiko ngokuziphatha kabi kwamaphoyisa bese kuba kuncane okushiwo ngomsebenzi wawo omuhle. Ngivumeleni ngethulele isigqoko amaphoyisa aKwaZulu-Natal ngaphansi kwesandla sika-Lieutenant General Ngobeni ngemisebenzi eminingi emihle eyenziwa ngamaphoyisa.

Amaphoyisa asekwaze ukwenza ngcono kakhulu ekuletheni uzinzo emiphakathini nasekubhekaneni nodlame embonini yamatekisi. Udlame oluke lwaba yisithombe salesi fundazwe alusaphushwa manje. Sembalwa manje izehlakalo zokubulalana obekuhlale kwenzeka. Izingxabano emiphakathini sezinciphe kakhulu. Amaphoyisa athumela umyalezo ezigebengwini ukuthi njengoba ziphake impi kubantu nokuthi umbimbi lwamaphoyisa nabantu luzozinqoba esifundazweni sethu!

UMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ngokusebenzisana namaphoyisa ubambe iqhaza elikhulu ekukhuthazeni ukuthula, intando yeningi nokubumbana komphakathi ngokwenza izithangami zokuxoxisana, esithi i-Communities in Dialogue, njengoba sekubonakele ezindaweni eziningi. Izithangami zokuxoxisana zizoqhubeka zilekelele ohlelweni lukashwele



kaMongameli njengoba kungumbono wethu ukuthi uma abeboshiwe sebebuyela emiphakathini, abantu abathintekayo kumele kuxoxwe nabo baqwashiswe ngalokho.

Ukusebenza ngokubambisana koMnyango wezokuThutha nombutho we-SAPS ngaphansi kwethimba le-Justice Crime Prevention and Security Cluster (JCPS) elaziwa nge-Taxi Violence Task Team, sekwenze umehluko omkhulu ekuletheni uzinzo embonini yamatekisi. Leli thimba lihlanganisa izikhulu zoMnyango wezokuThutha, owezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, iNational Intelligence Agency, i-SAPF, abezokuShushiswa koMphakathi nabezokuHlumeleliswa kweziMilo. Ukubambisana nokuxoxisana ngokuthula sekubuyisele isimo kwesijwayelekile kumalungu ososeshini abebexabene. Sekunabaningi futhi asebeboshiwe, nakuba zisekhona nokho izinkinga ngokugwetshwa kwabanye abasuke beboshiwe. Lokhu kudalwa kakhulu ngokusatshiswa kofakazi abanye baze babulawe. Sizozhubeka nokubheka izindlela zokugcina ukuthula embonini yamatekisi.

Ngonyaka wezimali odlule, isiFundazwe sethu sibe nezibhicongo zokubulawa kwabantu nokusocongwa kosopolitiki, kodwa siyibonile nempumelelo yamaphoyisa ekubhekaneni nalezi zehlakalo. Kwezinye izigameko kubulawe imindeni kwavalwa ngehlahla, kwezinye kwabulawa amakhansela. Siwethulela isigqoko amaphoyisa ngomsebenzi omuhle wokubamba izigilamkhuba kulokhu.

Uhlaka lwe-Justice Crime Prevention and Security Cluster (JCPS)

Mama Somlomo, iKwaZulu-Natal kumele ishayelwe ihlombe ngokukwazi ukuqeda umlando omubi wodlame nesimo esingalawuleki. Uhlaka lwe-Justice Crime Prevention and Security Cluster (JCPS) oluhlanganisa uMnyango wezoBulungiswa nabanye ozakwethu ababhekele inhlalakahle yomphakathi, luyithuluzi elisebenza ngempumelelo enkulu ekuletheni usizo ngendlela





edidiyele kubantu bakithi, nokuthi kube nenkundla evulelekile yokuxoxisana neminyango emazingeni ahlukeni kahulumeni, emizamweni yokuqeda ukuphambana phakathi kohlelo lwezobulungiswa nomphakathi. I-JCPS Cluster KwaZulu-Natal isifike ezingeni eliphezulu kakhulu lokubambisana, ubufakazi balokho obubonakale ngenkathi kuneminyakazo yabantu emibili emikhulu okuyiNdebe yoMhlaba nesiteleka sabasebenzi bakaHulumeni ngo-2010.

Ukusebenzisana Komphakathi Namaphoyisa Nokwakha Ukuthula Emiphakathini

Mama Somlomo, kuyisibopho salo Mnyango ngokoMthethosisekelo ukuqinisekisa ukuthi imiphakathi namaphoyisa banobudlelwane obuhle futhi basebenza ngokubambisana ekunqobeni izigebengu. Isahluko 11 isigaba 206 soMthethosisekelo siwucacisa kahle lo mbandela kulesi sigaba.

Ama-CPF nezinye izinhlakazomphakathi kumele zibambe iqhaza ekugququzeleni ukuthula, intando yeningi nokubumbana komphakathi. Njengoba senza le mikhankaso yoxolo, sesiyakuthola nokuthi ama-CPF ethu awasebenzi kahle ngendlela okumele asebenze ngayo. Nakuba kule minyaka edlule lezi zinhlaka sezike zathola ukuqeqeshwa nokusekelwa okuhle eMnyangweni wethu, inkinga ngukuthi zilokhu ziba namalungu amasha. Zibuye zibuswe nangamaqembu athile anezinhloso zawo angenandaba nokuphepha komphakathi. Ziyaqhubeka futhi nokungabi nalo uhlelo oluqondile lokusebenza. Lokhu, Malungu ahloniphekile, siyakuguqula njengoba sesiqalise ngomkhankaso wokwakha kabusha ama-CPF bese siyawaqeqesha ngaphansi kohlelo lweThathulwazi ukuze asebenze ngendlela efanele.

Njengoba singena onyakeni wezimali ka-2011/2012, sizoqhubeka nohlelo lwethu lokuvuselela lezi zinhlaka zama-CPF lapho zingasasebenzi khona. Amanye ama-CPF ethu adinga ukwakhiwa aqiniswe kabusha. Uma sihlabela phambili, sizosebenzisana nezakhiwo zababheki bemizi ezikhona. Abantu abavolontiya ukuqapha izitaladi zethu sibathatha njengezishosho zokulwa



nobugebengu. NjengoHulumeni, besingakazisebenzisi ngokwenele lezi zakhiwo ukuze zisilekelele ekulweni nobugebengu. Ukuqalwa kwalo nyaka sesizosebenzisana nazo, sizinike umfutho, sisebenzise amandla esinawo ukuzisiza zikwazi nokuzitholela imithombo yezimali.

Ukulandela kulokhu, uMnyango usuhlele imbizo ezohlanganisa zonke izinhlaka zokuphepha emphakathini ukuze sibheke ukuthi yiziphi izinhlaka zomphakathi ezikhona eziqapha futhi zilwe nobugebengu emphakathini. Sizobheka ukuthi zisebenza kanjani, bese sizama ukuzihlanganisa ndawonye ukuze sikhuculule ubugebengu ngendlela edidiyele ezitaladini zethu, emizini yethu nasemphakathini jikelele. Lo mhlango kumele futhi usivulele indlela yokuthi siveze imibono yethu ezolekelela ekwakhiweni komgomo kazwelonke wama-Community Safety Forum (CSF) nama-Community Policing Forum (CPF), okuhlelwe ukuthi kuqale maduze nje, njengengxanye yohlelo lokubuyekeza umgomo kazwelonke emkhakheni wezokuphepha nokuvikela.

Ukwakheka koMnyango ngendlela evumela ukulwa nobugebengu ngempumelelo

UMnyango usuqalise ngohlelo lokubuyekeza uhlaka lwabasebenzi bethu. Sifuna ukwenza ngcono ukuhlelwa kwabasebenzi bethu ngendlela ezohambisana nezidingo zomphakathi wakithi ekulweni nobugebengu. Eminye yemibono esilokhu siyithola ngeyokuthi sibe nezizinda ezifundeni ukuze kube lula ukwenza imisebenzi yokulwa nobugebengu, ngokusebenzisana nomasipala beziFunda nabamadolobha. Kulowo mqondo futhi kusho ukuthi sizoletha imisebenzi yokwakha izinhlaka zokulwa nobugebengu emiphakathini, yokwamukela nokuphendula izikhalo zomphakathi, ukuqapha ukusebenza kwamaphoyisa neziteshi zamaphoyisa, ukuxhumana nemiphakathi ekhungethwe izingxabano ngokusebenzisa izithangami zokuxoxisana nokwenza izinhlelo zokunqanda ubugebengu sisebenzisa u-Operation Khuzumhlola.



Ukulwa nobugebengu entsheni

Malungu ahloniphekile, kuyiqiniso elaziwayo ukuthi izidakamizwa zingenisile ezikoleni zethu nasemiphakathini yethu futhi ziyayibulala intsha yethu. Ulwazi esinalo lukhombisa ukuthi ububha nokuntuleka kwemisebenzi kuvame ukuba yimbangela yokungaziphathi kahle njengokungena kuzona izidakamizwa, utshwala nobugebengu. Kakhulukazi umhobholo wemali yiwona ogqugquzela abadayisi bezidakamizwa ukuthi basebenzise ubuthaka bentsha ukuze ingene ezenzweni zobubi. Ngenye indlela, abadayisi bezidakamizwa bayaphunyuka emthethweni ngoba ababonakali kodwa kubonakala intsha esuke seyenza lobo bugebengu. Yingakho-ke sikhulwa ngukuthi indlela edidiyele ekulweni nobugebengu kumele ihambisane futhi nekhwela likaMongameli lokulwa nokuntuleka kwemisebenzi. Lokhu kuzosiza futhi umphakathi ukuba ubhekane nobubha, indlala nokusetshenziswa kwezidakamizwa, ikakhulukazi entsheni yakithi, sibe futhi sigadla kanzima nakubona abashushumbisa izidakamizwa. UMnyango wethu uzosebenzisana nezinhlangano zentsha ekwakheni uhlelo lokulwa nobugebengu olugxile entsheni futhi luphathwe yiyona intsha.

Ukhetho loHulumeni baseKhaya luka-2011

Njengoba senzile eminyakeni eyedlule, uMnyango uzoqhubeka nokuhlela ukuthi kube khona ukuthula noxolo bese wenza ukuthi ukhetho oluzayo luhambe kahle. Emizamweni yokuletha ukuthula, intando yeningi kanye nokubumbana komphakathi, uHulumeni wesifundazwe uholwa nguNdunankulu ubize umhlangano obalulekile obuhlanganisa abaholi bamaqembu epolitiki ehlukeni esifundazweni, abe-Independent Electoral Commission (IEC), amaphoyisa nabaholi bendabuko kanye nabezenkolo. Kulo mhlangano amaqembu azibophezele kabusha emgomweni wokuziphatha i-Electoral Code of Conduct; ukugququzela ukubezelelana kwezepolitiki, ubumbano, ukuthula, inkululeko yokuzikhethelela, ukukhuluma ngokukhululeka nokuzihlanganisa neqembu olithandayo ngesikhathi sokhetho nangemuva kwalo; ukwakha ithimba elizohlanganisa amaqembu epolitiki ehlukeni ukuze kube nokubezelelana.



Leli thimba lizohlanganisa uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi esebenzisana noNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana nobuHoli beNdabuko kanye nabamele izinhloko zale miNyango - abe-IEC, abaholi bezenkolo, abaholi bendabuko, izinhlaka zokuvikela ezweni, uKhomishana wamaphoyisa KwaZulu-Natal kanye namalungu amabili eqembu lezepolitiki ngalinye.

Ithimba elihlanganise amaqembu seliwuqalile umsebenzi walo. Indlela okusetshenzwa ngayo ihlukene kathathu, okungukwakha uxolo, ukukhuthaza lolo xolo nokufundisa abantu ngentando yeningi nokuziphatha. Izindawo ezihlonziwe ukuba kungenelelwe kuzona iseMtshezi/Mbabazane, Ulundi/Nongoma, iGreytown/uMsinga, iMandeni/Maphumulo bese kuba isemahostela. Ngaphezu kwalezi zindawo, noma yini evelayo kwenye indawo ezama ukuphazamisa izobhekwa yilo leli thimba. Leli thimba selike lahambela eMtshezi/Mbabazane mhlaka 21 March 2011, obekuqondene noSuku lwamaLungelo eSintu. Siyakholelwa ekutheni iKwaZulu-Natal izokuba nokhetho loHulumeni baseKhaya oluyimpumelelo.

UMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uzohlinzeka ngabantu abazoqapha isimo kulezo zindawo neziteshi zokuvota ezingaba nezinkinga ngesikhathi sokhetho. UMnyango wezoBulungiswa nawo uzibophezele ngokuhlinzeka ngezinkantolo eziyisipesheli nezingqapheli zokhetho. Konke kuyimizamo yokuqinisekisa ukuthi siba nokhetho olukhululekile nolungachemile.

Isiphetho

Malungu ahloniphekile, ubugebengu bungancishiswa kuphela uma sisebenza ngokubambisana. Sibonga kakhulu kwizinkulungwane zamaphoyisa akithi, izinhlaka zokuphepha emiphakathini, abantu ngamunye nazo zonke izinhlaka ezihlale zisekela isifundazwe sethu ekugquguzeleni ukuphepha komphakathi nokulwa nobugebengu. Ngithanda ukubalula umkhankaso we-Operation





Juluka Tsotsi, oqhutshwa umphakathi waseChesterville, ngomsebenzi wabo ekulweni nobugebengu. Uhlelo lomphakathi lokuqapha eSikhawini nalo ngolunye oluyimpumelelo esifundazweni. Bonke laba sebebe yisibonelo esihle esizothathela kuso uma sisabalalisa izakhiwo zomphakathi zokusebenzisana namaphoyisa esifundazweni sonke. Yizona izinhlaka ezinjengalezi ezisinika ithemba lokuthi singayinqoba impi yokulwa nobugebengu. NjengoMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi nokusebenza futhi sesekele wonke ama-Community Policing Forum ekulweni nobugebengu.

Sifisa ukubonga iziFunda eziningi kanye nomasipala bamadolobha nobuholi bakhona ngokufaka izinhlalo zokuphepha kuma-IDP nokubandakanya thina emizamweni yabo yokwakha izinhlalo zokulwa nobugebengu. Sesithole ukwesekwa okukhulu ohlelweni lwethu lokuxhumana nemiphakathi, esethemba ukuthi nizoqhubeka nibambisane nathi ekuqhubeni i-United Front Against Crime.

Sithi kubantu besifundazwe sakithi, kungumsebenzi wethu ngamunye ukuthi sisukume sibambe iqhaza elibonakalayo ukwenza amakhaya nezitaladi zethu ziphephe. Lo msebenzi uqala ngabantu abakhethwe ngentando yeningi. Kulo nyaka esingena kuwona sizofuna ukwazi ukuthi ezindaweni abahlala kuzona bayaba yini yingxenye yokwakhiwa kwezinhlaka zokuphepha emiphakathini. Uma kungenjalo, kuyosho ukuthi sinenkinga ezandleni zethu ekulweni nobugebengu. Njengoba kuzongena imiKhandlu emisha, sizosebenzisana nawo ukuqinisekisa ukuthi iKhansela ngalinye liba yingxenye yokwakhiwa kwezinhlaka zokuphepha komphakathi endaweni yalo. Amaphoyisa awakwazi ukunqoba impi yokulwa nobugebengu ewodwa. Isidingo sokwenza izinhlalo zokuphepha komphakathi zisebenze esifundazweni, yisona esizosikhuthaza kulo nyaka wezimali ukuba sisebenzele abantu bakithi kanzima nangokungakhathali.

Njengesizwe, kumele sizikhumbuze ukuthi kuseyisikhathi esincane nje kusukela sizuze intando yeningi, ukuthi siqale umshikashika obalulekile wokucacisa ukuthi ukuvikeleka kwesintu kusho ukuthini. Ukuvikeleka kwesintu kusho ukugxila ekuphepheni komuntu ngamunye kanye nemiphakathi esikhundleni sokugxila



ekuvikeleni umbuso njengoba bekwenzeka phambilini. Okubaluleke kakhulu futhi kumele kusuke phansi kukhuphuke, okusho ukuthi njengoba siletha usizo, abantu yibona okumele bakhombe indlela ezothathwa ezokuphepha kwabo. Ngakho-ke sizoqhubeka sisebenze nabantu ukuze imiphakathi ikwazi ukuthola izinsiza zethu ngendlela edidiyele nesekeleke kulokho okufunwa ngabantu.

Njengoba unyaka ka-2011 kungunyaka womnyakazo wabantu ekulweni nobugebengu, ngiphonsela thina sonke inselelo ukuba sibambe iqhaza elifanele ezinhlelweni zokulwa nobugebengu ukuze njengoba kwasho Inkosi Albert Luthuli, “inamuhla lethu libe ngcono kunayizolo nekusasa lethu libe ngcono kunenamuhla”. Uma sihluleka ukubamba iqhaza lapha, akumele sisole amaphoyisa nabanye uma sesihlangabezana nobugebengu.

Sengigcina, Mama Somlomo, ngivumele ukuba ngethule isabelo-mali soMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi sonyaka wezimali ka-2011/2012 esingu-R150 139 000 ukuba semukelwe njengoba sabiwe kanje:

Program 1:

Administration (R 41 080 000) Million

Program 2:

Civilian Oversight (R 20 276 000) Million

Program 3:

**Crime Prevention And Community Police Relations
(R 88 783 000) Million**

Nginyabonga.





Notes



Notes





Notes



Compiled by:

Office of the MEC: Transport, Community Safety & Liaison

Physical Address:

172 Burger Street
Pietermaritzburg 3201

Postal Address:

Private Bag X9043
Pietermaritzburg 3200

For more copies contact the Library:

Tel.: (033) 355 8694

Fax.: (033) 355 8092

www.kzntransport.gov.za